# *UKhokho uAbrahama*

INcwadi kaGenesisi futhi, isahluko 22, siqale ngevesi 15, futhi sibheke manje ukukhuluma nje imizuzwana embalwa bese siqala inkonzo. UGenesisi 22, siqale ngevesi 15.

> *Ingelosi yeNkosi yayisimemeza kuAbrahama ngokwesibili isezulwini,*
>
> *Ithi, Ngizifungile, isho iNkosi ukuthi ngokuba njengokuba ukwenzile lokhu, ungagodlanga indodana yakho, indodana yakho eyodwa:*
>
> *Ngiyakukubusisa nokukubusisa, ngandise nokwandisa inzalo yakho ibe ngangezinkanyezi zezulu, nangange*zihlabathi *sasogwini lolwandle; inzalo yakho izakunqoba* amasango *ezitha sayo;*
>
> *Nangenzalo yakho ziyakubusiswa izizwe zonke zomhlaba; ngokuba ulalele izwi lami.*

2 Isithembiso esinje pho, ngenxa yokulalela! Ukulalela yilokho uNkulunkulu akufunayo. Kwake kwathiwa, “Ukulalela kungcono kunomhlatshelo.” Ukulalela iNkosi kungcono kunanoma yimuphi umhlatshelo obungawenza.

3 Sibhekene manje nendikimba enkulu, kulobubusuku, *UKhokho uAbrahama*, owabizwa ngo “baba wokuKholwa,” ngenxa yokuthi uNkulunkulu wamenzela isithembiso ukuba adle ifa lomhlaba, neNzalo yakhe. Futhi kungoAbrahama thina, singabafile kuKristu, siba yiNzalo ka-Abrahama futhi siyizindlalifa kanye naYe ngokwesithembiso.

4 Manje, uAbrahama wayengumuntu ojwayelekile nje, wayengesiyo into ethize ekhethekileyo. UNkulunkulu akazange ambize, ngokuba sibe nanoma yibuphi ubufakazi obubhalwe phansi, waze waba neminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala. Umkakhe, owayengudadewabo ingxenye, eneminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala ngesikhathi, base behlale ndawonye cishe kusukela besebancane kakhulu. Futhi wayeyinyumba, futhi engenabantwana. UNkulunkulu wabiza ukwehlukana okuphelele, ukuba azehlukanise nalo lonke izwe, nakubo bonke abantu bakubo, nakuzo zonke izihlobo zakhe. Kwakukhona into ekhethekile ukuba ayenze.

5 Futhi uma uNkulunkulu ekubheke ukuba wenze into ekhethekileyo, Uphoqa ukwehlukana okuphelele kunoma yikuphi ukungabaza. Ufanele ufike ekulaleleni okugcwele, ukulalela Akushoyo. UNkulunkulu uyakuphoqa. Ungeke wakwenza ngenye indlela. Futhi, manje, Uhlala njalo ebeka isibonelo, naleso kwakuyisibonelo saKhe, sokwehlukana

okuphelele kuwo wonke umndeni wakubo, zonke izihlobo zakhe, kanjalonjalo, ukuba ahambe impilo ehlukaniselwe uNkulunkulu.

6 Kwedlula iminyaka, akwenzekanga lutho, kodwa uAbrahama wayesalokhu ebambelele. Akaphelanga amandla. “Akangabazanga neze ngezithembiso zikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waqina, enika uNkulunkulu udumo.”

7 Unyaka ngonyaka, lapho uqhubeka, akungabazeki abagxeki abaningi bayedlula base bethi, “Abrahama, baba wezizwe, usunabantwana abangaki manje na?” Lokho akumngabazisanga. Kungekho-mntwana, noSara wayesedlule esikhathini sokuphila, sokuzala abantwana, kusobala, esedlule kude le ekunqamukeni ukuya esikhathini, kodwa uAbrahama wayesalokhu emkholwa uNkulunkulu ngokufanayo nje. Wenza amalungiselelo engane, ngoba wayazi futhi wayeqiniseke ngokugcwele ukuthi uNkulunkulu wayengeke enze isithembiso Ayengemkhulu ngokwenele ukuba aseseke.

8 INzalo yakhe ifanele icabange into efanayo. Kungakhathaleki ukuthi kubonakala kungokungenabuqiniso kangakanani, ukuthi kubonakala kungesikho kanjani okwemvelo emqondweni wokwemvelo, nokho uNkulunkulu angeke enza isithembiso Angemkhulu ngokwenele ukuba asinakekele. Sikholwa yileyonto efanayo namhlanje. Yonke iNzalo ka-Abrahama yeqiniso ikholwa into efanayo. Akunandaba ukuthi mininingwane mini ephakathi, ukuthi ukwazi okuningi kangakanani esikuqokelele, ukuthi zingaki izinto eyenzekile, ukuthi akusikho kanjani okwemvelo emqondweni wokwemvelo, ukuthi kungubuwula kanjani, njalo, emqondweni wokwemvelo, akwenzi nomnci umehluko. Uma uNkulunkulu esho njalo, kuyilokho. NeNzalo ka-Abrahama zizinze phezu kuka ISHO KANJE INKOSI. Lokho kuyakuxazulula.

9 Siyathola, iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu kamuva, akukho-bantwana. Futhi uNkulunkulu wayesalokhu ethembekile ukuba agcine isithembiso saKhe kuAbrahama, ngokuba uAbrahama wamkholwa uNkulunkulu. Umfana omncane wafika enkundleni, uIsaka omncane.

10 Kwathi-ke emva kokuba uIsaka omncane esefikile enkundleni, manje-ke sithola ukuthi uNkulunkulu wamnika ukuhlolwa okuyidabuli. Wathi, “Lomntwana . . . ” Emva kokuba manje esecishe abe neminyaka eyikhulu neshumi nanhlanu ubudala, noma amashumi amabili, uAbrahama ayesenayo. Wathi, “Ngifuna uthathe le, indodana yakho kuphela, futhi uyenyusele entabeni eNgiyokukhombisa yona, futhi lapho unikele ngayo phezulu, kulentaba, ibe ngumhlatshelo.” Ngamany’amazwi, abhubhise bonke ubufakazi

obubonakalayo ayenabo ukuthi isithembiso sasizogcwaliseka. Lokho kungukususa zonke izinto zokwemvelo.

11 Wayesethi uAbrahama, "Ngamemukela enjengovela kwabafileyo. Futhi ngiqiniseke ngokugcwele ukuthi Unamandla okumvusa kwabafileyo."

12 Lowo ngabantu manje iNzalo ka-Abrahama, ngoba Yasivusa kwabafileyo. Sasifile esonweni naseziphambukweni. NaleYo Eyabanamandla ukuguqula ingqondo yami, iguqula imicabango yami, iguqula imvelo yami, ingiguqula wonke, Ingenza njengokubona kwaYo. Noma ngabe yini Eyishoyo, ngikholwa ukuthi iyiQiniso, nayo yonke iNzalo ka-Abrahama ikholwa into efanayo.

13 UAbrahama, engesuye ongalaleliyo kuNkulunkulu, uthathe umfana omncane. Futhi kulokhu ukusa, watshela izinceku, "Nina lindani lapha neminyuzi. Nendodana nami sizoya ngaleya ukuyokhonza, futhi yona nami sizobuya." O, uzokwenza kanjani na? Ngenkathi ekhuphukela esiqongweni sentaba, ukuba athathe ukuphila kwendodana yakhe uqobo, nokho uthi, "Umntwana, umfana nami sizobuya." Wayazi ukuthi kwakufanele kwenzeke into ethize. Futhi wayengazi nje ukuthi uNkulunkulu wayezokwenza kanjani; lowo akusiwo umbuzo wakhe. Uyazi ukuthi uNkulunkulu wakwethembisa.

14 Yilokho kuphela esikhathalele ukukwazi, uNkulunkulu wakwethembisa! Kuzoba kanjani na? Ngeke nganitshela. Kodwa uNkulunkulu washo njalo! Uyothuma uJesu Kristu, okwesibili, Uyofika ngesimo somzimba. Uyobiza abangabaKhe uQobo. Kuyobakhona iminyaka eyinkulungwane, ukubusa kwesikhathi seminyaka eyinkulungwane phezu kwalomhlaba, kanye naYe, kanye nabahlengiwe. Yilokho Akwethembisa, futhi sibheke lelohora ukuba lisondele.

15 Wethembisa ukuphilisa abagulayo, ukuvusa abafileyo, ukukhipha amademoni. Wethembisa ukukwenza. Unguyena izolo, namuhla naphakade. Kanjani na? Angazi. Wethembisa ukukwenza! Siyakukholwa; lokho kuyakuxazulula. Uma umuntu emkholwa uNkulunkulu, ukukholwa konke Akushoyo.

16 Futhi yileyondlela uAbrahama amkholwa ngayo uNkulunkulu. Manje wacelwa ukuba abhubhise bonke ubufakazi obubonakalayo ukuthi isithembiso saKhe sasizonakekelwa, kodwa wayeqinisekile ukuthi uNkulunkulu wayengakwenza.

17 Manje, akusikho kuphela ukuthi Wanikeza lesisithembiso esikhulu, Usinika iNzalo yakhe, futhi. Futhi ngoba uAbrahama wayethembekile, futhi waligcina i—iZwi likaNkulunkulu uNkulunkulu amethembisa lona, futhi wazi ukuthi uNkulunkulu weyengakwazi ukuvusa lomntwana. Futhi akamyekanga umntwana wakhe uqobo; kodwa (uNkulunkulu) wayeyisifanekiso sikaNkulunkulu enikela ngeNdodana yaKhe,

kusobala; lapho ithwele ukhuni yenyuka intaba, kanjalonjalo; njengoba uKristu kamuva wathwala ugodo lomhlatshelo waKhe uQobo, enyuka igquma, eya lapho Abethelwa khona.

18 Siyaqonda ukuthi kulokhu, ekwenzeni lokhu, kwamthokozisa kahle kakhulu uNkulunkulu ukubona ukuthi uAbrahama wayeMthanda ngaphezu kwezinto zonke emhlabeni, ngisho nendodana yakhe kuphela. WayeMthanda ngaphezu kwalokho noma ubani ayengakusho, noma ubani owayengakwenza, wayesalokhu emthanda uNkulunkulu ngokwenele ukukholwa iZwi laKhe.

19 Yonke iNzalo ka-Abrahama iyamkholwa uNkulunkulu kanjalo. Bayamkholwa uNkulunkulu. Futhi siyazi ukuthi kwamthokozisa kahle kakhulu uNkulunkulu ngangokuthi nakhu Akushoyo, "INzalo yakho iyakunqoba amasango esitha sayo. INzalo yakho iyakunqoba amasango esitha sayo." Khumbulani, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. INzalo ka-Abrahama iyakukholwa lokho. Uma uyiNzalo ka-Abrahama yangokoqobo, ukukholwa uAbrahama ayenakho kuNkulunkulu, kukuwe. Futhi uyakholwa, yilokho uNkulunkulu akushilo, uNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe.

20 Futhi Wakusho, manje khumbulani, Wenza kuphela lesisithembiso kuAbrahama emva kokuba Esemnike ukuvivinywa. INzalo ka-Abrahama ifanele kuqala ivivinywe, ukubona ukuthi ngabe balikholwa ngempela yini iZwi. Khumbulani, indlela kuphela ayekwazi ukugcina ngayo isithembiso sikaNkulunkulu, ngoba wasikholwa isithembiso sikaNkulunkulu, futhi wavivinywa ukuthi wayeLikholwa noma qha.

21 Silethwa kulokho kuvivinywa. INzalo ka-Abrahama, namhlanje, ilethwa kulokho kuvivinywa. Ngabe sizothatha iZwi likaNkulunkulu, noma sithatha lokho okushiwo ngumuntu ngaLo na? Ngabe sizothatha lokho okwakhiwe yinhlangano ethize njengesivumokholo, futhi semukele lokho, noma ngabe sithatha okwashiwo nguNkulunkulu na? Uma iZwi likaNkulunkulu liqinisile, sikholwa iZwi likaNkulunkulu, kungakhathaleki ukuthi noma yini enye injani. Sidedela onke amazwi omuntu abe ngamanga, nakaNkulunkulu abe yiQiniso. INzalo ka-Abrahama yangeqiniso! Kodwa ngaphambi kokuba ube yileyoNzalo yangeqiniso, ufanele wedlule ekuvivinyweni, njengoba kwenza uAbrahama, qobo lwakhe. Akethembisanga kuAbrahama kuphela, kodwa iNzalo yakhe yayizonqoba amasango ezitha. O, he!

22 Cabangani nje, ukhokho wayeqiniseke ngokugcwele kuso, ekuvivinyweni kwakhe kwesithembiso seZwi likaNkulunkulu, sasiqinisile. Kungakhathaleki ukuthi imininingwane wawuyini, wayesalokhu elikholwa iZwi ukuthi laliqinisile. UAbrahama, ukhokho omkhulu, akazange axegaxege ekukholweni,

ngenkathi elethwa kulesosikhathi sokuvivinywa. Wakholwa ukuthi uNkulunkulu wayenamandla okumvusa kwabafileyo. Wakukholwa, ngoba uNkulunkulu wenza isithembiso. Futhi ngenkathi uNkulunkulu enza isithembiso ukuthi wayezoba ngu "baba wezizwe," futhi wakholwa ukuthi lokho kwakunjalo. Wayengazi ukuthi kwakuzoba kanjani. Ngenkathi ingane ifika, emva kokuba esethembile, iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu, wase-ke ecelwa ukuba abhubhise ingane, wayesalokhu azi ukuthi isithembiso sikaNkulunkulu sasiqinisile, futhi wanikela ngendodana yakhe.

23 INzalo yakhe, into efanayo! Isithembiso sikaNkulunkulu siwuphawu, kulabo abayiNzalo ka-Abrahama. Isithembiso siwuphawu, ufakazi osayinile. Futhi uma silikholwa lonke iZwi elithenjisiwe, khona-ke uphawu lunikwa thina, ukuqinisa isithembiso ngalo. Niyabo, uma thina—uma thina, siyiNzalo ka-Abrahama, sedlula ekuvivinyweni ukuthi ngabe sizolikholwa yini iBhayibheli, noma qha. IBhayibheli liyiZwi likaNkulunkulu, ngoba LinguNkulunkulu. Bese kuthi-ke emva kokuba sewedlule ekuvivinyweni, ukuba ukholwe.

24 Uma abanye babo ethi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule." Uma wemukela lokho, lokho kuphambene neZwi.

25 Uma uthi, "Awumemukeli uMoya oNgcwele, namhlanje. Ayikho into enjalo. Abaphostoli abayishumi nambili nje abaMemukelayo."

26 IZwi lathi, uPetru eLishumayela ngoSuku lwePhentekoste, wathi, "Phendukani, yilowo nalowo, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwesono, khona niyakwamukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele. Ngokuba isithembiso singesenu, nesabantwana benu, nesalabo okude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

27 Lichaza lokho impela nje. Lingukuthi, manje uma usulungele ukuthatha ukuvivinywa, kokuvivinya kwe esidi kaNkulunkulu, bese ulandela leso sithako somuthi nokusetshenziswa kwaso, ngiyanitshela, niyothola ukuthi uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe, uma nizoLikholwa. Kunjalo. Kodwa nifanele nedlule kulokho, ngoba lolo wuphawu; uma ningaLwemukela, khona-ke niyokwemukela isithembiso. Ngoba, Yisithako somuthi nokusetshenziswa kwaso sikaNkulunkulu, indlela esifanele sikwenze ngayo, futhi yileyondlela esifanele siLilandele ngayo, lokho nje Akusho. Manje hhayi nje kwabanye, kodwa "lowo," lowo okholwayo, lowo ophendukayo, lowo okholwayo. Kusezizukulwaneni zonke, kubo bonke abantu, lowo ofuna ukuLikholwa. Nokukholwa eZwini likaNkulunkulu kukuletha kulesisithembiso. Manje-ke, bese kuthi-ke kuphela, ungaba namandla okuba ube nophawu lwesithembiso.

28 Nesithembiso esisemukelayo, uphawu, lungumbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Kunjalo. Ngokuba lowo nguNkulunkulu esimweni sikaMoya, wena uyiZwi laKhe kuwe, bese-ke Engena. Uma wemukela iZwi kuwe, uMoya oNgcwele yiyonanto kuphela engenza Lokho kuphile, bese kuthi-ke unesithembiso sokunqoba isango laso sonke isitha esizama ukukuhlasela. Kunjalo. UNkulunkulu wakwethembisa, futhi kunjalo.

29 Manje, khumbulani, ningakwenza kuphela ngaleyonkathi, futhi ngaleyonkathi kuphela, emva kokuba usuvivinywe ngeZwi.

30 UAbrahama wavivinywa ngeZwi. "Uzokholwa, Abrahama, ukuthi uzoba nendodana na?"

"Yebo."

31 Indodana iyafika. "Manje ibhubhise. Usakukholwa, Abrahama na?"

32 "Ngiyakukholwa, namanje, ngokuba Wena unamandla okumvusa kwabafileyo."

33 Futhi emva kwalokho, Wathi, "Manje, iNzalo yakho iyakunqoba isango lesitha sayo." Amen! Emva kokufika kokuvivinywa!

34 Ake sihlole kwenye yenzalo ka-Abrahama, enzalweni yemvelo. Okungukuthi, thina namhlanje siyiNzalo yokomoya. Kodwa ake sithole, ngenzalo yemvelo, ngabanye babo abasikholwa isithembiso sikaNkulunkulu esigcwele, futhi abasilokothi neze basi bu-. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

35 Ngathi, "Konje, ifunelani intombazane engumKristu ukuveza isiketi sayo sangaphansi na? Angikuqondi lokho."

36 Uzelwe ngokusha, ngokukaNkulunkulu, unobuhle bukaMoya oNgcwele ukuveza ukuthi uyini, uyikho. Unesiqiniseko sobumsulwa leziziketi eziyihlazo ezingenaso. Kunjalo. Owesifazane kaNkulunkulu wangempela, oma athi qekelele nesiqiniseko sobumsulwa, ungahle uhlekwe, futhi ubizwe ngefeshini endala; kodwa unento ethize abangeke bayithinta, futhi bayilahlile futhi abasoze baphinde babenayo futhi. Kunjalo. Unesiqiniseko sobumsulwa. Yilokho uNkulunkulu akubhekayo, isiqiniseko sobumsulwa. Niyabo?

37 Kodwa into yokuqala, uma kukhona umbuzo engqondweni yakho, ungakwenzi nhlobo. Ungezi emgqeni womkhuleko uma kukhona umbuzo engqondweni yakho. Ungezi ngaphandle uma ukukholwa ngokoqobo, ngokugcizelela, akukho-gagasi engqondweni yakho, nhlobo, kuphela ukuthi uzophiliswa, khona-ke uzosuka kulomsamo usungumuntu ophilile. Kunjalo, nxa kungekho-mbuzo engqondweni yakho, nhlobo. Ufanele umkholwe uNkulunkulu, hhayi ukuzenzisa. Ukholwe ngempela!

38 NeNzalo ka-Abrahama iyakukholwa ngoba iZwi lasho njalo, futhi yingalesosizathu sikukholwa. Hhayi ngoba kukhona

umuntu ogxekile, ngoba omunye umuntu washo njalo. Ngoba uNkulunkulu washo njalo, lokho kukwenza kube yiQiniso. Uma uNkulunkulu ekusho, lokho kuxazulula yonke imibuzo. Uyizwi lokugcina. Uyisigcino. Uma uNkulunkulu esho noma yini, lokho kuyakuxazulula. Akukho okunye okungakhuluma kumelane naLo. "Onke amazwi omuntu awabe ngamanga, nawaMi abe yiQiniso."

39 Manje njengoba sihlola ezinye zalezizinzalo, ake sicabange. Sicabanga ngabantwana bamaHeberu, nginakho lapha, ngicabanga ngalokho, ngabantwana bamaHeberu, emva kokuba base bevivinyiwe ngokumelana nokukhonzwa kwesithombe. Manje, niyakhumbula, inkosi yathi, "Ongayikusikhothamela phansi lesisithombe, uyophoswa esithandweni somlilo." Manje, lababantwana bakholwa ukuthi iZwi likaNkulunkulu laliqinisile, ukuthi abafanele ukukhonza noma yiluphi uhlobo lwesithombe, kodwa lapho sebefika kwelamanqamu futhi bavivinywa ukuthi ngabe babezokwenza yini.

40 Ngenkathi, bonke abanye babantwana ezansi lapho bemukela futhi baya ekukhonzeni, bahamba baqonda ngqo ngendlela inkosi eyasho ngayo. Bahamba nomcabango othandwa ngabantu wosuku, ukuthi bafanele bakwenze.

41 Futhi lapho sebevivinyiwe, ukuthi ngabe babezozikhonza yini izithombe futhi bephule iZwi likaNkulunkulu, bahlala ngokweqiniso eZwini. Kungenandaba ngemininingwane, bahlala ngokweqiniso eZwini. Futhi ngenkathi bebaphosa esithandweni somlilo, isithembiso sikaNkulunkulu sagcwaliseka. Banqoba amasango esitha sabo. Futhi kwakukhona iNdoda yesine imi phakathi lapho, nesihluthulelo esavulela ukushisa okuphuma emlilweni, futhi akwenzanga lutho kepha kwabakhulula. Amen.

42 Uma owesilisa noma owesifazane eselungele ukuthatha isivivinyo, isivivinyo se-esidi!

43 Niyabo, badingeka ukuba bayongena emlilweni. Kwase kuthi-ke lapho bekwenza, babesemlilweni, nento kuphela eyenzekile, lesisivivinyo somlilo kuphela savula ngesihluthulelo, sasusa a—amabhandishi ezandleni zabo.

44 Izikhathi eziningi, uNkulunkulu uyasidedela, uma sithola ukuboshwa yonk'indawo nezwe, siboshwe ngqi, Udedela izivivinyo zomlilo zifike phezu kwethu, lapho esidingeka khona senze isinqumo. Futhi uma senza lokho, into kuphela isivivinyo esingayenza, uma iNzalo ka-Abrahama yangempela imi e—ezimpambano-mgwaqo zesinqumo, futhi wenza isinqumo sakhe ukuba akhonze uNkulunkulu, kunganquma kuphela amabhandishi aqaqeke futhi kusikhulule. USathane angahle akunike isifo. Angahle akunike into eyodwa, enye. Wazi kanjani ukuthi akusuyena uNkulunkulu okuthole ezimpambano-

mgwaqo, ukubona ukuthi hlobo luni lwesi—si—sinqumo ozosenza na?

45 Banqoba isango lomlilo. Umlilo awukwazanga ukubashisa. Kwakungekho ngisho iphunga lomlilo phezu kwabo, ngoba babazi ukuthi babeyiNzalo ka-Abrahama, futhi bamela uNkulunkulu neZwi laKhe. Banqoba a—amasango esitha, nomlilo awukwazanga ukubashisa, ngoba banqoba amasango.

46 Kamuva, kwakukhona indoda, umprofethi ezansi lapho, ogama linguDanyeli. Waye. . . waba nesivivinyo ukuthi ngabe wayezokhonza uNkulunkulu weqiniso oyedwa, noma qha. Futhi uma kufika kulesosikhathi, ukuthi ngabe wayezokhonza uNkulunkulu weqiniso oyedwa, noma akhonze unkulunkulu wabahedeni, wala ukukwenza; futhi waphosa phezulu izisitho, futhi wakhuleka kuNkulunkulu wakhe, nsuku zonke. Futhi wathathwa yilokho, ngenhlawulo yemithetho yamazwe, futhi waphoswa emphandwini wezingonyama. Isigejane sezingonyama ezilambile zaphuma zambhongela. Wenzani na? Wanqoba isango lesitha sakhe. Izingonyama azikwazanga ukumudla. UNkulunkulu wathumela phansi iNsika yoMlilo, iNgelosi eyama phakathi kwakhe nengonyama.

47 Wanqoba isango lesitha, ngoba wavivinywa ukubona ukuthi ngabe wayezokhonza uNkulunkulu weqiniso oyedwa, noma abe nedazini lonkulunkulu babahedeni abakhonzayo. Ngakho wamela isivivinyo, futhi wanqoba isango lesitha. Ingonyama ayikwazanga ngisho nokumthinta, ngoba uNkulunkulu wayenaye. Isithembiso sikaNkulunkulu sahlala siyiqiniso, ngoba wayeyiNzalo ka-Abrahama yeqiniso.

48 UMose, o, omunye omkhulu. Wavivinywa, futhi, ukubona isithembiso uNkulunkulu amnika sona. "Ngizoba nawe uma wehlela lapho." Futhi lapho ema phambi kwabazifanisa nesiphiwo sakhe, uJane noJambre bazama ukusukuma futhi bazifanise nayo impela into uMose ayalelwa ukuba ayenze. Futhi uNkulunkulu wayembizile, futhi wayazi ukuthi wayenguye owayethunywe ukuba enze lokhu, futhi wama lapho futhi wenza isimangaliso njengoba uNkulunkulu amtshela ukuba asenze. Futhi nakhu kwakumi abazifanisayo, ukuba benze into efanayo, kodwa akumhluphanga uMose. Wama ngokweqiniso eZwini likaNkulunkulu, futhi wanqoba amasango, amen, esitha, ngoba wama ngokweqiniso esithembisweni sikaNkulunkulu, kungenandaba ukuthi kwakungubani owayezama ukuzifanisa nakho.

49 Isifundo esinje pho kumKristu wonke! Uma uqalaza bese ubona umzenzisi, ukhumbule nje uzama ukuzifanisa nodatshana lwangokoqobo. Kodwa, lokho kuphela kuchaza ukuthi kunoyedwa ongowoqobo. Yima uqinisile eZwini likaNkulunkulu! Akunandaba ukuthi kufikani noma

kuhambani, gcina isithembiso saKhe. Yebo, uDanyeli wahlala eqinisile eZwini likaNkulunkulu.

50 Akunandaba ukuthi bangaki abazama ukuzifanisa naye, nakho konke okunye, wahlala eqinisile. Futhi ufikela inhloso, ukuba akhiphe uIsrayeli eGibhithe, nokuba ayobafaka ezweni elithenjisiwe. Futhi uma sekufika isikhathi sabo ukuba bayongena ezweni elithenjisiwe, bephuma eGibhithe, nakho kwakumi uLwandle oluFile endleleni. Futhi wanqoba amasango amanzi, namasango ashwibeka avuleka. Nama—manzi ahlehlela emuva, noMose wathatha uIsrayeli wamfaka ehlane, waya entabeni lapho uNkulunkulu amthuma ukuba abalethe khona. Amen. Wanqoba amasango esitha.

51 Uyise, uAbrahama, wayenaso lesosithembiso, ukuthi iNzalo yakhe yeqiniso yayizonqoba isango lesitha. Namasango amanzi lalivaliwe, futhi wayengakwazi ukwedlula, naleyo kwakuyindlela yomsebenzi omiselweyo. Wayefanele ukuletha labobantwana kuleyontaba. UNkulunkulu wamtshela ukuba akwenze. Futhi nakho kwakumi isango endleleni, futhi walinqoba isango lesitha.

52 UJoshuwa, kamuvanyana, ngenkathi befika eKadeshi-barineya, okwakuyisihlalo sokwahlulela sezwe ngalesosikhathi, lapho uIsrayeli wahlangana khona ekwahluleleni kwalo. Sithola uJoshuwa noKalebi, nabanye abayishumi nambili . . . noma—noma abayishumi abanye. Oyedwa esizweni ngasinye wathunyelwa ngale ukuyohlola izwe abase belungele ukulemukela.

53 Futhi lapho sebebone lezoziqhwaga ezinkulu zimi lapho, abayishumi babo bazizwa bekabi impela, bathi, “Ngeke salithatha. Likhulu kakhulu. Ngani, bukani esinabo esiphikisana nabo.” Kodwa ngenkathi sebebuya ukuletha umbiko, baletha umbiko omubi.

54 Kwakungani ukuthi balethe umbiko omubi, uma uNkulunkulu abatshela, “Ngininike lelozwe; lingelenu”? Wabatshela ezansi eGibhithe. “Ngininike lelizwe. Liyizwe elihle. Lichichima ubisi noju.”

55 Kodwa lapho sebebone abaphikisana nabo bebakhulu kakhulu, abayishumi babo bayabuya base bethi, “Ngeke sakwenza.”

56 KwakunguJoshuwa, wabathulisa abantu, wayesethi, “Sinamandla ngokwedlulele ukulinqoba. Sinamandla ngokwedlulele!” Ngoba ngani na? Wayebuka isithembiso. WayeyiNzalo ka-Abrahama yeqiniso. Kungakhathaleki ukuthi ukuphikisana kwakuyini, “Singalinqoba isango, ngoba uNkulunkulu wethembisa izwe.” Futhi wanqoba isango.

57 Kamuva, ngenkathi eletha abantwana bakwaIsrayeli behlela emfuleni. Nakho kwakumi, ngenyanga ka-Apreli, umfula omkhulu, uqubuka. IJordani lehla liphuma ezintabeni,

futhi lasabalalela emathafeni. Libukeka njengesikhathi esibi kakhulu, onyakeni, ukuba akwazi ukuba lapho. Kodwa, nokho, wayeyiNzalo ka-Abrahama. Wayazi ukuthi wayenesithembiso, futhi wayesemgqeni womsebenzi awumiselweyo. UNkulunkulu umnika umbono, ukuthi akwenze kanjani, futhi wawanqoba amasango omfula. Ngenkathi amasango eshwibeka evuleka, amanzi ahlehla kahle enyuka ayongena ezintabeni. Futhi uJoshuwa noIsrayeli banqoba amasango esitha, futhi bawela bayongena ezweni elithenjisiwe, ngoba uNkulunkulu wabatshela ukuba bakwenze. INzalo ka-Abrahama yeqiniso!

58 Bafowethu nodadewethu, ngenkathi esewelele lapho, iJeriko lonke lalibiyelwe gimbici, liphakeme ngokwenele ngangokuthi babekwazi ukugijimisa izinqola zempi ezintathu ukusuka ngapha kuya ngapha ngaphezulu. Ayengakwenza kanjani lamaIsrayeli ngezibolekiwe, izinkemba ezicoshiweyo, nakho konke, nezinduku namatshe, ayezongena kanjani lapho na? Kodwa wayesalokhu eyiNzalo ka-Abrahama. UNkulunkulu umnika umbono, wamtshela ukuthi kwenziwa kanjani, wathi, "Khalisani icilongo." Amen. Yilokho-ke. "Nikhamuluke, nimashe nikhuphukele ngasodongeni, amasango ayowa phambi kwenu." Amen! WayeyiNzalo ka-Abrahama yobukhosi. Wayeyikholwa langempela likaNkulunkulu. "Amasango ayoqathaka phansi phambi kwenu. Khamulukani nje, futhi nikhalise icilongo. Yilokho kuphela enifanele nikwenze." Futhi kwenzekani na? Amasango awela phansi, noJoshuwa wawuthatha umuzi.

59 Kamuvanyana, sithola ukuthi isitha sasixoshwa futhi siqhubeka, emva kwalokho, waze Wamisa ngisho nelanga emigudwini yalo. Njengoba ngakhuluma ngokunye ukusa, ngokuthi *Indida*, Wamisa ilanga waze wanqoba amasango esitha sakhe. Amen. Wayazi ukuthi uma lesositha sike saze sathola ukuqoqana futhi, zazihlakazekile, nelanga lase liyoshona, nama-Amori, nama-Amaleki, kanjalonjalo, ayehlakazeke konke. Uma eke aze aqoqana futhi, futhi afika aqoqana, khona-ke wayezoba nesikhathi esil'khuni sokuba aze awathole ukuba awaxoshe futhi. Futhi kwakukhona into eyodwa kuphela eyayibambile, leso kwakuyisikhathi. Futhi Wamisa isikhathi. Amen! Amen! Yinye into emvimbela esithembisweni, lelo kwakuyilanga, imvelo uqobo lwayo inqamula, futhi Wamisa imvelo. Ngani na? WayeyiNzalo ka-Abrahama. Wasikholwa isithembiso sikaNkulunkulu. Walimisa, futhi wanqoba amasango. Yebo, mnumzane.

60 Lawa indoda enkulu, onke ayindoda enkulu. Kodwa niyazi ngenkathi wona, onke, esefika esangweni lokufa, afa onke. Onke adingeka ukuba afe. Ngoba ayeyindoda enkulu, "Avimba u—umlomo wezingonyama, futhi aphunyuka emlilweni, nosiko lwenkemba," kanjalonjalo, njengoba sitshelwa kumaHeberu 11.

Futhi banqoba amasango esitha, onke kodwa isitha esisodwa, naleso sasingukufa. Ukufa kwabagwinya bonke nya.

61 Kwase kuthi ngoluny'usuku, sekufika iNzalo ka-Abrahama yobuKhosi, uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu; iNzalo ka-Abrahama, ngokukholwa. Hhayi ngoIsaka, inzalo yemvelo; benza ingxenye yabo. Kodwa nakhu kufika Oyedwa Ongazalwanga ngokwemvelo. Nakhu kufika Oyedwa ongafiki neze ngesifiso socansi. Nakhu kufika Oyedwa ngokuzalwa yintombi. INdodana kaNkulunkulu, iNzalo ka-Abrahama, uMuntu omkhulu kangaka pho lo ayenguye! Okunye kwemvelo konke kwazalwa ngokuzalwa ngokwemvelo. LoMuntu wazalwa ngokuzalwa yintombi. Wenzani ngenkathi Efika emhlabeni na? Wanqoba zonke izitha uSathane ayenazo. Wanqoba yonke into.

62 Wenzani na? Wahlela kahle wayesenqoba ukugula. Kwakungebekhona ukugula ngakuYe; nomaphi lapho okwakukhona khona ukugula, Wakunqoba. Wenzani emva kokuba Esekunqobile na? Usinika izihluthulelo, amen, ethi, "Enikubopha emhlabeni, Ngiyakukubopha eZulwini." O! Amen! Leyo yiNzalo ka-Abrahama yobuKhosi, isithembiso saKhe. UMoya oNgcwele phakathi kithi manje, nezihluthulelo, sisibambe ekuguleni. Wanqoba ukugula. Ukugula ngeke kwama eBukhoneni baKhe. Futhi Washo ukuthi Wasinika izihluthulelo ukuba senze into efanayo, sinqobe ukugula. "Enikubopha emhlabeni, Ngiyakukubopha eZulwini."

63 Futhi, ukulingwa, Walingwa ngazo zonke izindlela njengoba sasinjalo. Wenzani na? Wakunqoba. Futhi Wathini kithi na? "Nimelane nodeveli, futhi uyakunibalekela." Wasinqobela ukugula. Wasinqobela ukulingwa, wadiliza amasango; wathatha isihluthulelo kumlingi, wase esinika ikholwa, leNzalo ka-Abrahama, wayesethi, "Uma enilinga, nimelane naye, futhi uyakunibalekela." O, he! Melanani naye!

64 Wanqoba kokubili ukufa nesihogo. Wavuka ngosuku lwesithathu, ethi, "Nginqobile. Futhi ngoba ngiphila Mina, nani niyaphila." O, isithembiso esinje pho! Lokho kuseNzalweni ka-Abrahama. Wanqoba ithuna, wavuka ngosuku lwesithathu, kube ukulungisiswa kwethu. Ngenkathi Evuka, Wayengukulungisiswa kwethu. Lokho kusenza ini na? Wanqoba ukugula. Wanqoba ukufa. Wanqoba isihogo. Wanqoba ithuna. Wanqoba ukulingwa. O!

65 "Manje singaphezu kwabanqobi ngaYe owasithandayo, futhi unikela ukuphila kwaKhe ngakho," eyiNzalo ka-Abrahama yobuKhosi. NgoMoya kaNkulunkulu ofanayo okithi, owawukuYe, singaphezu kwabanqobi. Onke amasango anqotshelwe thina. Into kuphela esifanele siyenze ngukulidla. Selivele linqotshiwe. Ukugula kunqotshiwe. Ukufa kunqotshiwe. Isihogo sinqotshiwe. Ithuna linqotshiwe. Yonke into inqotshiwe, futhi siphethe izihluthulelo, ngomusa waKhe.

Niyesaba ukubahlohla engidini, bese nithi, "Ngiza ngeGama likaJesu Kristu"? "Celani kuBaba noma yini eGameni laMi." NgiyaMthanda.

66 Emva kokuba sekwedlule iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, iminyaka eyizinkulungwane ezimbili, futhi Usalokhu elapha phakathi kwethu, uMnqobi onamandla owadabula iveyili kabili, owathatha konke ukugula, zonke izifo, yonke into Wazethwesa yona, futhi wathwala ubuthakathaka bethu eya esiphambanweni, nokugula kwethu nezifo zethu, futhi wanqoba phezu kwakho, futhi wavukela ukulungisiswa kwethu, futhi umi ephila emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, ukuba Azibonakalise njengoJesu Kristu ophilayo, phakathi kweNzalo ka-Abrahama yobukhosi abayizindlalifa zezinto zonke. O, he! Labo kamuva, owedlula ekuvivinyweni, isithembiso seZwi! Uma ningahle nikholwe yiZwi, khona-ke nani niyiNzalo ka-Abrahama. Niza kanjalo-ke kuLo.

67 Uma ningenakukuthatha lokho kuvivinya kweZwi, khona-ke uma niLingabaza, ninokusola okuncane ngaLo, kungebe l'khuni ukuthi uLikholwe, kukhona okuthize noma okunye, ningeke naLikholwa, khona-ke ningezi emgqeni womkhuleko. Ngeke ngazenza ngisho isilima ngizungeze ialtare, nize nikwazi ukuthola umusa owenele ukuba nazi ukuthi iZwi likaNkulunkulu liqinisile.

68 Futhi uma nike nabhobokela ngale kwaleloveyili lokungakholwa, khona-ke ninezihluthulelo ezandleni zenu, zokufa, isihogo, nethuna, ngoba ninoMnqobi Owaninqobela. Khona-ke ninamaHeberu 13:8, asitshela ukuthi, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Singakwenza kanjani na?

69 Abantu namhlanje bathi, "O, awu, ngizonitshela, Ukhona ngendlela e—ethize, Ukhona."

"Uyafana," kwasho iBhayibheli.

"O, awu, Akenzi namhlanje njengoba Enza."

70 Sikuthola khona manje, uma sibona iZwi laKhe liqinisekiswa. Kwenzani na? KuLibuyisela ngqo emathangeni abo futhi. Amen.

71 INzalo ka-Abrahama yangempela iyaLikholwa. BayaLazi. Futhi Umi, kulobubusuku, njengoba Ahlangana noAbrahama phezulu lapho ngezinsuku zikaLoti futhi wenza lesosimangaliso, njengoba Enza ngokutshela uSara akusho emva kwaKhe. UJesu wethembisa, iNzalo ka-Abrahama yobuKhosi, ukuthi iBandla liyobona leyonto efanayo ngaphambi nje kokuFika kwaKhe. Kuyini na? Kuzofanele kwenzeke. UNkulunkulu wakwethembisa. UJesu Kristu wakuqinisa futhi wathi kuyoba njalo, futhi nakhu lapho sikhona namhlanje, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, siMbona phakathi kwethu, uselokhu enguMnqobi onamandla! Wanqoba ukufa,

isihogo, ithuna, yonke inkoloze; wathatha iZwi . . . ? . . . yena. Yebo.

72 Wathi, "Uma nihlala kiMi, namaZwi aMi ekini, celani enikuthandayo futhi niyakuphiwa khona." Kwakuyini na? IZwi, uKristu, Lelo lisenhliziyweni yenu. "Uma nihlala kiMi, amaZwi aMi ehlala kini, khona-ke ninqobe yonke into ngoba Ngayinqobela nina. Uma nihlala kiMi, uma ningaNgiqonda, uma ningahlala kiMi. Okholwa yiMi, oNgamukelayo; hhayi nje ukuzenzisa, kodwa ongemukela. Ozwa amaZwi aMi, aqonde amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okungunaphakade; futhi akayikuya ekulingweni, noma ekulahlweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Nango, uMnqobi onamandla!

73 Nangu Ukhona namhlanje, onguyena izolo, namuhla, naphakade. Nangu Uyakwenza phambi kweNzalo ka-Abrahama, ebizwe yaphuma eBabiloni, ebizwe yaphuma eSodoma, ebizwe yaphuma ezweni, futhi yehlukaniswa, ekhombisa isithembiso saKhe siphuma impela nje. Emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, nangu Uma phakathi kwethu, kulobubusuku, lowoMnqobi onamandla, iZwi likaNkulunkulu Ongahlulela imicabango osenhliziyweni, nezizindlo kuyo. Kuyini na? "INzalo yakho iyakunqoba amasango esitha sayo." Kuyini na? YiNzalo ka-Abrahama, iNzalo yobukhosi, ikholwa iZwi. NeZwi yi—iZwi linguNkulunkulu.

74 Manje uma sibona lokhu, singadazuluka kakhulu kanye nabo, njengembongi yasendulo.

> Ephila, Wangithanda; efa, Wangisindisa;
> Embelwa, Wathwala izono zami zaya kude le;
> Evuka, Walungisisa ngesihle phakade;
> Ngoluny'usuku Uyeza, O usuku olukhazimulayo!

75 Omunye wathi, "Usugugile, mfana." Angikwazi ukuzibamba kulokho.

76 Sengiphile kusukela ngisengumfanyana, inzuzo yami ngempumelelo kuphela esengake ngaba nayo ngukubona ukuFika kukaJesu Kristu. Nganikela impilo yami ngaleyonhloso. Ngisalokhu ngisepulpiti, njengendoda endala, ngikholwa iNdaba efanayo, nento enkulu kunazo zonke engingacabanga ngayo ngukubona uJesu Kristu evela emazulwini ukwemukela abaKhe uqobo. UNkulunkulu, manje-ke okwami . . . Akumangalisi singacula:

> Nonke memezani amandla eGama likaJesu!
> IziNgelosi maziwe zilale phansi;
> Zilethe umqhele wobukhosi,
> Futhi ziYithwese umqhele iNkosi yabo bonke.

77 Ngani na? UnguMnqobi onamandla. Uma ukuYe, useZwini. Wathi, "Uma nihlala kiMi, celani enikuthandayo." "Enikuthandayo," ngokuba onke amasango asevele anqotshiwe. Khona-ke singathi:

> Ngokuba zonke izithembiso eNcwadini zingezami,
> Zonke izahluko, onke amavesi, nomugqa;
> Ngethembele eZwini laKhe lobuNkulunkulu,
> Ngokuba zonke izithembiso eNcwadini zingezami.

78 Bangani, niyaqonda ukuthi lokho kuchazani na? Zonke izithembiso uNkulunkulu azenzela uAbrahama, zonke izithembiso ezakhulunywa ngabaprofethi, zonke izithembiso uJesu Kristu azethembisela lolusuku, Ulapha ukusiqinisa nokukhombisa ukuthi Uphila kuze kube phakade. "INzalo yakho iyakunqoba isango lezitha."

79 Uma sekwehlela ehoreni lokufa. Uthi, "Uthini ngalokho na?" Usalokhu unakho lokho kuNqoba uPawulu akusho. "O thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? O kufa, luphi udosi lwakho na? Kepha makabongwe uNkulunkulu, Osipha ukunqoba ngalowoMnqobi onamandla, uJesu Kristu." O!

> Makuthi iziNgelosi ziwe zilale phansi;
> Zilethe umqhele wobukhosi,
> Futhi ziYithwese umqhele iNkosi yabo bonke.

80 Kulobubusuku, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, simi ukuba siYibone, namanje, uMnqobi onamandla Owadabula iveyili elalisehlukanise nanoma yisiphi isithembiso sikaNkulunkulu, futhi singaphezu kwabanqobi kuYe. Asikhuleke.

81 Baba waseZulwini, njengoba sima lapha, kulobubusuku, eBukhoneni bukaMoya oNgcwele, lowoMuntu omkhulu kaJesu Kristu esimweni sikaMoya, Owethenjiswa ukufika phezu kweNzalo ka-Abrahama, iNzalo yobukhosi. Siyakhuleka, O Nkulunkulu, uma kukhona owesilisa noma owesifazane, umfana noma intombazane, phakathi lapha, ongakwazi Wena; banokungabaza nezingxaki emqondweni wabo, mayelana neZwi likaNkulunkulu, noma ngabe LiyiQiniso noma qha. O Nkulunkulu oMkhulu, Owenza isithembiso, woza kulobubusuku! Sinye isithembiso esikhulu Owasenzayo, Nkosi; Ungasigcina lesosithembiso, Wena wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza; emikhulu kunalo uyakuyenza, ngokuba Mina ngiya kuBaba." Baba, Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi Uzoqinisa iZwi laKho.

82 Baningi abantwana baka-Abrahama lapha kulobubusuku, ogulayo. O, udeveli ubavalele esangweni; babafake ngaphakathi, futhi baphendule izihluthulelo, futhi bathi, "Manje ufanele

ufe; uphethwe yinhliziyo. Una*lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, futhi ufanele ufe."

83 O Nkulunkulu, kwangathi icilongo lejubili lingakhala, kulobubusuku, leVangeli, ukuba sonke isigqila sikwazi ukuhamba sikhululeke! UJesu Kristu unqobe lawomasango. Thina siphethe izihluthulelo ezandleni zethu. O! "NgeGama laMi bayakukhipha amademoni. Uma nicela uBaba noma yini eGameni laMi, Ngiyolwenza. Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza. IZwi likaNkulunkulu libukhali futhi linamandla kakhulu kunenkemba esika nhlangothi-zombili, isika kwahlukaniswe nomnkantsha, lahlulela ngisho nemicabango osenhliziyweni."

84 "Futhi njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, ngokuba babedla, bephuza, beganwa, bendiswa; izinhlelo zezindlu ezinkulu." Futhi sibhekisisa izwe, "Kuyobakhona izibonakaliso, ukubonakala okwesabekayo ezulwini phezulu (lokhu ngamasoso andizayo), ukuzamazama komhlaba kuzindawo ngezindawo, ulwandle lugubha (amagagasi amakhulu abangwa ukuzamazama kolwandle), inhliziyo yomuntu yehluleka (ukwesaba), usizi phakathi kwesizwe, ukudideka kwesikhathi."

85 "Futhi njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." O Nkulunkulu, woza kulobubusuku futhi wenze iZwi laKho, woza kulobubusuku futhi uhloniphe ukukholwa kwabantwana baka-Abrahama. NgeGama likaJesu Kristu siyakucela. Amen.

86 INkosi inibusise, kakhulu. Angizukukwenza ukubizela ealtare ngalesisikhathi nje. Ngizokushiyela kini. Ngicabanga ukuthi, izikhathi eziningi, ukubizela ema altare. . . ngikholwa nabo. "Kepha abaningi abemukelayo, wabhaphathizwa." Yilokho-ke, "Abaningi abaMemukela." Sizokhulekela abagulayo.

87 Bengingakhuluma lapha ubusuku bonke. Niyizethameli ezithandekayo. Kodwa engikushoyo ngumuntu nje; kodwa uma ngisho amaZwi aKhe, khona-ke akusiwo amazwi ami, ngamaZwi aKhe. Uma ngisho into ethize, noNkulunkulu engakweseki, khona-ke lelo bekuyizwi lami. Uma ngisho iZwi laKhe, futhi UyaLeseka, ubani lowo wesilisa oyisoni noma owesifazane, umfana noma intombazane, oyosuka ahambe bese ethi Alinjalo?

88 UJesu, wathi ngenkathi Enza lezizinto, bathi, "LoMuntu ungumbhuli. Ungudeveli!" Umbhuli, noma ubani uyazi ukuthi ukubhula kungokukadeveli. Wathi, "Ungumbhuli." Kodwa senake nambona umbhuli eshumayela iVangeli na? Senake nambona umbhuli ekhipha amademoni na? Qhabo, impela, abakwenzi.

89 Wathi, "Manje, Mina iNdodana yomuntu ngiyonithethelela ngalokhu. Kodwa nxa uMoya oNgcwele esefikile, ukukhuluma umelane naYe awusoze wathethelelwa kulelizwe noma ezweni elizayo, ngoba kungukubiza umsebenzi kaNkulunkulu ngomoya ongcolile."

90 Nkulunkulu sihawukele, kulobubusuku, futhi ngiyakhuleka ukuthi uNkulunkulu uzokwehla futhi aqinise leliZwi phambi kwenu.

91 Mfowethu, dadewethu, lona ngumphefumulo wami. Ngizofanele ngihlangane noNkulunkulu. Nginesibopho kulokhu engikusho kini. UNkulunkulu uyongethwesa icala ngakho. Kunjalo. Bekuyongisiza ngani ukuba ngime lapha bese ngisho lezizinto ukuba bengazi ukuthi bengilahla ngecala umphefumulo wami ukuba uye esihogweni na?

92 "Kukhona indlela ebonakala ilungile kumuntu, kepha ukuphela kwayo kuyizindlela zokufa." UNkulunkulu akadingi-mhumushi. Njengoba ngishilo, Uzihumushela iZwi laKhe uQobo.

93 "INzalo ka-Abrahama iyakunqoba isango lesitha." Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

94 Ukuba benginganiphilisa, bengingakwenza. UKristu usevele uniphilisile. Into kuphela, unesihluthulelo esandleni sakho. Lesosihluthulelo ngukukholwa kwakho, ukuba ukuthathe. Kuvule isihluthulelo, kulobubusuku, ungeke na? Ngenkathi Eseza phakathi kwethu, lowoMnqobi onaMandla owanqoba zonke izifo, futhi eze lapha futhi anikhombise ukuthi Usekwenzile, ngokuba Useyilokhu eyiZwi. "NeZwi lahlulela imicabango osenhliziyweni."

95 Yiliphi ikhadi lokukhulekelwa na? U B, kwelokuqala kuya . . . Sasiqale kuphi, ngobunye ubusuku na? [Omunye uthi, "Elokuqala."—Umhl.] Asiqale kwelamashumi amahlanu. Ubani onekhadi lokukhulekelwa B, lamashumi amahlanu na? Phakamisa isandla sakho. Ikhadi lokukhulekelwa B. Saqala kwelokuqala, ngobunye ubusuku, manje sizoqala kwelamashumi amahlanu, kulobubusuku.

96 Ubani ono B, uB, wamashumi amahlanu na? Misa isandla sakho. Ikhadi lokukhulekelwa B, wamashumi amahlanu. Nisho ukuthi alikho lapha na? Ninalo na? Kulungile, uB, wamashumi amahlanu. U B, wamashumi amahlanu-nanye, ubani onalelo na? U B, wamashumi amahlanu-nanye, kulungile. U B, wamashumi amahlanu-nambili, ubani ono B, wamashumi amahlanu-nambili na? Kulungile, unalo. U B, wamashumi amahlanu-nantathu, owamashumi amahlanu-nane, woza ngapha ngqo. Amashumi amahlanu-nane, amashumi amahlanu-nanhlanu.

97 Umfana wami wehlela lapha, impela ngaphambi kokuba ngingene, wayesexova inqwatshana yamakhadi. Futhi ake nibheke ukuthi asenjani, elilodwa *lapha* nelilodwa *laphaya*?

Abazi. Ungeza wehle nga*lolu*hlu lapha bese uthatha elilodwa, olandelayo athole eleshumi, omunye athole elamashumi amabili-nanhlanu. Asazi ukuthi likuphi, kodwa, noma ngabe akuphi.

98 Manje bangaki esingababiza na? Owesihlanu, owesine na? U B, wamashumi amahlanu. Bekuwu B, wamashumi amahlanu, bekungesuye na? [Omunye uthi, "Yebo."—Umhl.] U B, wamashumi amahlanu kuya emashumini amahlanu-nanhlanu. Owamashumi amahlanu-nesithupha, amashumi amahlanu-nesikhombisa, amashumi amahlanu-nesishiyagalombili, amashumi amahlanu-nesishiyagalolunye, amashumi ayisithupha. Manje ake sibone, elokuqala, elesibili... Abale, Billy, futhi sizo...Amashumi ayisithupha, amashumi ayisikhombisa, basukumise kuqala, uma uthanda. U B, wamashumi amahlanu kuya emashumini ayisikhombisa, amashumi ayisikhombisa-nanhlanu. Abale, Mfowethu Roy, uma uthanda, ngenkathi ngisakhuluma nezethameli.

99 Bangaki khona lapho manje njengoba ubheka ngapha, futhi awunalo ikhadi lokukhulekelwa na?

100 Khumbulani, uJesu wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza." Ngabe yiqiniso lelo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yiqiniso lelo. Niyalikholwa na? ["Amen."] INzalo ka-Abrahama isho njalo.

101 IBhayibheli liyasho, ukuthi, "UngumPristi oMkhulu." AmaHeberu, isahluko 4, "UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade, Ubezokwenza kanjani na?

102 Kwakukhona owesifazane omncane, eBhayibhelini, njengoba niqaphela ukuthi ngithini. Owesifazane omncane, eBhayibhelini, mhlawumbe wayengenalo ikhadi lokukhulekelwa; kodwa wathi enhlizweni yakhe, "Uma ngingathinta lowoMuntu, ngiyaMkholwa." Wayechithe konke ayenakho, ngo dok-...ngodokotela. Abakwazanga ukumsiza. Udaba lwakhe lwalulukhulu kakhulu. Abakwazanga ukumsiza. Kodwa wakholwa ukuthi uNkulunkulu wayezomsiza. Futhi wathinta umphetho waKhe, wengubo yaKhe.

103 Wayesethi, "Ngiyezwa ukuthi kuphumile amandla kiMi." Ngabe kunjalo na?

104 Niyakholwa ukuthi Usenguyena, kulobubusuku na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyakholwa ukuthi Ulapha na? ["Amen."] Bangaki abakholwayo ukuthi Wavuka kwabafileyo na? ["Amen."] Manje ningakufakazisa kanjani ukuthi Wavuka kwabafileyo na?

105 Kungekudala, indoda eyiBaptisti edumileyo ifika kimi, yayisithi, "Mfowethu Branham, ngehlulwa—hlulwa, ngesinye isikhathi, ngokaMohamede owasho lokho. Wathi, 'Uma Evukile,

Wethembisa ukuthi Uyokwenza into efanayo. AsiMbone ekwenza.'" Niyabo, bakholwa ukuthi Akakwenzanga.

106 Kodwa siyakholwa ukuthi Uyakwenza. Siyakholwa ukuthi Uvukile kwabafileyo. Ayikho enye inkolo ezweni engafakazisa ukuthi umsunguli wazo uyaphila, kodwa ubuKristu. Nendlela kuphela uNkulunkulu angaLiqinisa ngayo, kungalabo abalikholwayo; ngokuba yileyondlela kuphela uNkulunkulu enza ngayo amaZwi aKhe, yilabo abaLikholwayo.

107 Manje besashaya umugqa lomugqa omncane womkhuleko lapha. Angazi ukuthi bangaki esizobathola. Ngifuna ngamunye wenu, ubambe indawo yakho, ubambe isihlalo sakho, ungayaluzi. Bheka ngapha bese ukhuleka, uthi, "Nkosi Jesu, ngiyakholwa."

108 Niyakhumbula, Wangitshela, "Uma uthola abantu ukuba bakukholwe; bese kuthi-ke ube qotho uma ukhuleka." Lokho bekukulesisizwe sonke, emuva naphambili, iminyaka eyishumi nanhlanu, akukaze nakanye kwehluleke. Kungeke kwehluleka.

109 UNkulunkulu, into eyodwa UNkulunkulu angeke ayenza, lokho ngukwehluleka. Uzofanele aligcine iZwi laKhe. Ngiyakukholwa lokho. Ngiyakukholwa lokho kanjengoba nje ngi. . .ngaphezu kwanoma ngikholwa ukuthi ngimi lapha, ngaphezu kwanoma ngikholwa ukuthi ngikulendlu; lokhu bekungaba utalagu, bekungaba iphupho. Emphefumulweni wami, ngiyazi ukuthi uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu uyaphila. Nani eniyiNzalo ka-Abrahama, nina enifile kuKristu, niyiNzalo ka-Abrahama.

110 Manje banamaduku lapha. Impumelelo enkulu yenziwa yilaba, abantu abakholwayo. Manje asikhothamise amakhanda ethu, besalungiselela, futhi sikhulekele lawa.

111 Baba waseZulwini, siyafundiswa eBhayibhelini, futhi kukhona abantu lapha abalikholwa lonke iZwi Olishilo ukuthi liyiQiniso. Nkosi, ngezinye izikhathi bayabhadazela futhi baqhafaze embotsheni yesihluthulelo, ngesihluthulelo, bayigeje, futhi behwaya, kodwa bayakholwa ukuthi ilapho. Bayeke nje baqhubeke nokuqhafaza, bazoyithola, ngoba ilapho. Nalesosihluthulelo yisihluthulelo esiyiso, "Uma ukholwa, konke kungenzeka." Njengoba iculo liculwa manje, noma liyadlalwa.

112 EBhayibhelini kuyasho ukuthi, "UPawulu ethathe emzimbeni wakhe amaduku nezindwangu, base bekuthumela kwabagulayo nabahluphekileyo, nomoya ababi basuka kubantu, futhi baphiliswa."

113 Manje, Nkosi, siyazi uPawulu oNgcwele unaWe. Kodwa, kwakungesuye; kwakunguWe, Nkosi, uKristu kuye. "Akusimina engiphilayo, kodwa uKristu ophila kimi," washo.

114 Namanje kulesisizukulwane, Usalokhu unguKristu, namhlanje, njengoba ubunjalo izolo. Futhi njengoba ngikhuleka

phezu kwalamaduku, ngiwathinta, ngikhulekela ukuthi Uzokwehlula sonke isitha. Baphe ukukholwa, ukuba ubazise ukuthi isitha sehluliwe.

115 Futhi ngesinye isikhathi, uLwandle oluBomvu, njengoba nje sisanda kukhuluma ngalo, uIsrayeli lwalumnqamulile esithembisweni, futhi babesemgqeni womsebenzi abawumiselweyo. Nomunye umbhali washo, ukuthi, "UNkulunkulu wabuka phansi ngamehlo athukuthele, ngaleyoNsika yoMlilo, nolwandle lwesaba lwase luvula amasango alo, futhi bahamba bawela."

116 Buka phansi, kulobubusuku, ngeGazi likaJesu Kristu. Futhi kwangathi, uma lamaduku selibekwa phezu kogulayo, kwangathi isitha singabona ukukholwa kwethu, kulobubusuku, njengoba sibakhulekela lomkhuleko wokukholwa. Futhi kwangathi ngamunye angasindiswa, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

117 Manje ngifuna ninakisise. Noma ngabe ubani osembhobheni phezulu lapha, ungawenyusa. Ngoba, uma uMoya oNgcwele ungahle wenze lokhu . . . Angisho ukuthi Uzokwenza.

118 Manje noma ubani oza lapha bese ekutshela ukuthi banamadla okuphilisa abagulayo, ungakukholwa. Amadla onke akuKristu. UnguMnqobi, hhayi wena nami. Semukela nje lokho Asekwenzile. Akukho-muntu onamadla okusindisa noma ukuphilisa.

119 Wonke umuntu ezweni, inani selivele likhokhiwe. Isidingakalo sesikhokhiwe. Kwabakanjani na? "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Ukuphiliswa kwenu—kwenu sekukhokhelwe. Insindiso yenu isikhokhelwe. Ninakho ukukholwa ukuba nize, nikwemukele na? Yilokho kuphela. Uma niyiNzalo ka-Abrahama, ninakho. UNkulunkulu wakwethembisa. Kukhona into ethize ekini ethi kukhona, futhi kukhona.

120 Manje yini isiphiwo na? Yisiphiwo sokuphuma bese uphilisa abagulayo na? Qhabo. Isiphiwo singukudedisa wena uqobo endleleni, ukuze uNkulunkulu akwazi ukukusebenzisa.

121 Manje Wakwethembisa lokho, isibonakaliso sokugcina, ngokukaJesu Kristu, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, ngaphambi nje kokuba lishe." Hhayi ngaphambi kokuba kwenzeke ezinye izinto, iVangeli lashunyayelwa nguLoti, kanjalonjalo; hhayi lokho. Kodwa ngaphambi nje kokuba lishiswe, uNkulunkulu weza wehla esesimweni somuntu, futhi wahlala neBandla elikhethiweyo, uAbrahama neqembu lakhe, ababenesethembiso.

122 Manje khumbulani, iNzalo ka-Abrahama nje iyakwemukela lokhu. "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona," kwasho uJesu. "Nina niyoNgibona, ngokuba Ngiyoba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe."

123 Kodwa Wethembisa, ngaphambi nje kokuba Abuye futhi, "Njengokuba kwenzeka eSodoma," bukani ukuthi iSodoma litholani; bukani ukuthi iBandla elikhethiwe litholani, wathi, "kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." UNkulunkulu wabonakaliswa esimweni somuntu, lowo Efulathele ithende, watshela uSara ukuthi wenzani ngaphakathi kwethende. Wonke umuntu uyazi ukuthi lelo yiQiniso, phakamisani izandla zenu. Lokho kunjalo impela. Manje Wakwethembisa. Sisesikhathini sokuphela. Manje khumbulani, leyo kwakuyinto yokugcina eyenzekayo; nezwe labeZizwe lashiswa langqongqa, iSodoma, nendodana ethenjisiwe yafika enkundleni. Sibheke iNdodana ethenjisiwe, iNdodana kaNkulunkulu.

124 Nakhu lapho esikhona. Kwangathi uNkulunkulu angavula amehlo enu. Angazi lutho olunye engingalusho. Kwangathi Angavula amehlo enu.

125 Manje Baba waseZulwini, anginalusizo impela, ngiyisixheke sobumba Olubumbe waluhlanganisa, wase ulubeka phandle lapha. O Nkulunkulu, kwangathi mina, kulobubusuku, ngingaba nomusa waKho noBukhona, ukuze kube nguWe ongasebenzisa lezizigaxa ezincane zobumba Onazo phakathi lapha. Ukuthi labo, Nkosi, Obabizele ekuPhileni okuPhakade, futhi mhlawumbe abakaKwemukeli okwamanje, kwangathi bangazibona lezizithembiso. Bangahle ukuba bafundiswe ukuthi lokho kwakungokolunye usuku, kodwa nakhu kuseBhayibhelini. Kuqinise, Nkosi. Lokho kungukuhumusha kwaKho uQobo. Akudingi okungaphezu kwalokho. Uma nje Uzokwenza kanjalo, khona-ke bazobona ukuthi iZwi liqinisile. Siphe khona, Baba. Sizinikela kuWe.

126 Makuthi wonke umuntu ophakathi lapha, Nkosi, basebenzise ukukholwa kwabo, kulobubusuku. Kwangathi lonke ilunga leSizwe sika-Abrahama, ngoJesu Kristu, libe nokukholwa, kulobubusuku, futhi lemukele uBukhona baKho. Futhi sizoKunika udumo. Amen.

127 Manje, ngabe lena i la-. . . Manje lokhu kungokuxakile. Ngifuna ningisize manje, ningikhulekele. Hlalani nithule ngempela, ningayaluzi. Hlalani nithule du, nikhuleke.

128 Manje, niyabo, kungukushintsha kusuka ebuvangelini, kuya ngale ukuba uziphumuze ngangokuthi uMoya kaNkulunkulu ungakuthatha ngokuphelele ukungenise kwelinye izinga.

129 Manje lapha kumi le encane. . . Woza ngapha kancanyana, nenekazi. Futhi nje. . . Lokho kulungile, ukuze ngingasuki kulombhobho. Niyabo, angazi ukuthi kwenzekani, niyabo, bese kuthi-ke ngezinye izikhathi, niyazi. . . Manje indlela kuphela engikwazi ngayo, kuse—kusembhobheni, niyabo, futhi bazama ukukubamba phandle lapho, futhi nje angazi ukuthi yini.

130 Manje siyizihambi omunye komunye. Angikwazi, angikaze ngikubone empilweni yami. Kodwa usemncane kakhulu impela kunami. Futhi mhlawumbe sazalwa cishe sehlukene ngamamayela, futhi sehlukene ngeminyaka. Lesi yisikhathi sethu sokuqala sokubonana. Ngabe kunjalo na? Uma kuyiso, phakamisa isandla sakho ukuze izethameli zizobona. Manje, ungowesifazane nje omi lapha.

131 Bukani, kuthatheni nikubuyisele emBhalweni. Asithathe uJohane oNgcwele 4. Ngamunye wenu akufunde uma seniya ekhaya. Akusikho—akusikho ukuthi lona wesifazane uyilolohlobo lowesifazane; angazi. Futhi niyazi ukuthi angisuye uJesu Kristu. Kodwa Ulapha. NguYe. Manje uMoya waKhe usigcoba, ungayembula inkathazo yakhe, njengoba Enza kowesifazane emthonjeni. Into efanayo.

132 Futhi, ngalokho, lapho abapristi nabaholi bangalolosuku, bathi, "LoMuntu ungumbhuli, noma udeveli, uBelzabule."

133 Lona wesifazane wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi ungumprofethi Wena. Siyazi ukuthi uMesiya uyeza, nalokho kuyoba yisibonakaliso saKhe."

134 Manje, bangaki abaziyo ukuthi lelo yiqiniso na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Awu, uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade, leso bekungeke kwaba yisibonakaliso saKhe kulobubusuku na? ["Amen."] Ngabe Wethembisa ukuthi kuyoba khona, ngaphambi nje kokuphela kwesikhathi na? ["Amen."] Manje bonani ukuthi Uyasigcina yini isithembiso saKhe eNzalweni ka-Abrahama.

135 Manje uma noma ubani phakathi lapha ecabanga ukuthi lelo yiphutha, yenyukela lapha futhi wenze into efanayo. Uma kungenjalo, khona-ke ungasho lutho ngakho. Unenhlanhla.

136 Manje, eGameni likaKristu, ngithatha bonke omoya babe ngaphansi kokulawula kwami, kuyo inkazimulo nasekuhlonishweni kukaNkulunkulu.

137 Ngizofanele nje ngikhulume kuwe, umzuzwana, ntombi. Uyazi, iNkosi yethu yakhuluma kulowo wesifazane emthonjeni. Yathi, "Ngiphuzise." Yayenzani na?

138 Manje bhekisisani, Yathi, kuJohane oNgcwele 5, "Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana," leyo kwakuyiYo, umzimba, "ngingenze lutho phakathi kwaMi uqobo," kuphela njengalokho Ibona uBaba ekwenza. "Lokho uBaba akwenzayo, Ukukhombisa iNdodana. Niyabo, Ngingenze lutho ngaphakathi kwaMi uqobo, kepha njengoba Ngibona uBaba ekwenza." Manje-ke, uJesu akazange enze nesisodwa isimangaliso aze uNkulunkulu aMkhombise kuqala ngombono; akaMtshelanga endlebeni yaKhe, kodwa waMkhombisa. "Engikubonayo," hhayi ukuzwa, "ngibone uBaba ekwenza." Yilokho okwaMenza umProfethi onjengoMose, njengoba kwasho uMose. Manje ngenkathi E—Esemazile uBaba . . . Wayese . . .

139 Wayeya eJeriko, kodwa Wayeswelekile ukuba edlule eSamariya, futhi Weza ekhuphukela emzini waseSikari. Futhi manje niyabo, amaSamariya wayebheke uMesiya.

140 AmaJuda lalikubhekile, futhi Wabakhombisa isibonakaliso saKhe. UFiliphu, uNatanayeli, uPetru, kwathi nje masinya lesosibonakaliso singenziwa, bathi, "Wena uyiNdodana kaNkulunkulu."

Urabi wathi, "LoMuntu unguBelzabule."

141 Kodwa manje khumbulani, abeZizwe, thina, sasingama-Anglo-Saxon, sa—sasingabheke-Mesiya. Sasingabahedeni, amaRoma, kanjalonjalo. Sasingabheke-Mesiya. Uza kuphela kulabo abaMbhekile.

142 Kodwa amaSamariya wayeMbhekile, ngakho Wadingeka aye ngakuwo, enhla ngaseSamariya. Uhlala phansi emthonjeni. Intombi, mhlawumbe inguntanga yenu, iyaphuma. Yayingowesifazane onegama elibi. Uyifundile indaba, ngiqagele. Wayesethi, "Sifazane, Ngiphuzise."

143 Wathi, "O, akusilo isiko kuWe, iJuda, ukucela umSamariya into enjalo."

144 Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi ubukhuluma kuBani, ubuyocela kiMi amanzi."

145 Ingxoxo yaqhubeka. Ekugcineni, Wathola ukuthi yayikuphi inkathazo yakhe. Uyakhumbula ukuthi yayiyini na? Wayenamadoda amaningi kakhulu. Wayesethi, "Hamba ulande indoda yakho, uze lapha."

Wathi, "Anginayo."

146 Wathi, "Usho kahle," wathi, "ngoba ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo eyakho."

147 Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi ungumprofethi Wena. Siyazi uMesiya uyeza, Uyositshela lezizinto."

Wayesethi, "NginguYe."

148 Washiya imbiza yakhe yamanzi, wagijimela emzini, wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele engikwenzileyo. Kungebe nguMesiya lona na?" Babekade bengenaye umprofethi iminyaka engamakhulu. Futhi nakhu kwakukhona uMuntu owayezisho ukuthi unguMesiya, futhi wafakazisa ukuthi u—ungumprofethi, futhi wakhombisa isibonakaliso sikaMesiya.

149 Kungakwenza yini ukholwe yinto efanayo, uma Enza into efanayo, Engonguyena izolo, namuhla, naphakade, futhi wethembise ngalemiBhalo ukuthi Wayezokwenza na?

Kungazenza yini izethameli zikholwe na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

150 Uphethwe yinkathazo yezinso. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

151 Kungani lokho njalo kuqhashela ebusweni bami na? Ukhona othi, "Ukuqagelile lokho." Angizange ngikuqagele lokho.

152 Lapha, ungowesifazane omuhle. Uyangikholwa na? Manje uyazi angizange ngikuqagele lokho. Ake ngisho eny'into ethize. Umyeni wakho unawe. Uyagula, naye. Akaguli na? Isimo somgogodla. Kunjalo. Akunjalo na? Unomfana omncane onawe. Uyagula, naye. Ufuna akhulekelwe. Unokuthize okungalungile emehlweni akhe. Kunjalo. Unentombazane encane enawe, inokukhathazwa yizinso, njengawe. Ngabe kunjalo na? Manje nonke ningaphila, uma nizokholwa. Niyakukholwa na? UNkulunkulu anibusise. Hambani ngendlela yenu futhi niphile.

153 Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Kuyini na? Uzama ukwenzani na? Kini, Nzalo ka-Abrahama, Uyanikhombisa ukuthi Akafile. Ngeke ngazenza lezozinto. Akafile. Kodwa Ungophilayo, enikhombisa ukuthi ninelungelo lokunqoba amasango esitha senu. Lokho kufanele kukuxazulule.

154 Lelinenekazi, woza ngapha, umzuzwana nje. Silapha nje, ndawo thize iminyaka efanayo, ngiqagele. Kodwa siyi—siyizihambi komunye nomunye, ngokwazi kwami. Angikwazi, futhi siyizihambi. Angazi lutho ngawe. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho, uyabo. [Udade uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Abanye nje babo bakunika ikhadi lokukhulekelwa, futhi ulapha. Kulungile. Manje uma iNkosi uJesu . . .

155 Uma mina, mhlawumbe, sithi bengizama ukuthatha indawo kaMfowethu Oral Roberts, noma amanye alawo indoda edumile yokukholwa, bengiyothi, "Nenekazi, yini engalungile kuwe?"

156 Ubuyothi, "Awu, ngino *kuthi-nokuthi*." Manje, angahle angasho lona iqiniso. Niyabo? Angazi. Niyabo? Kodwa, yena, ungahle umtshele ukuthi yini engalungile.

157 Ubeyobeka izandla phezu kwakho, athi, "UNkulunkulu wangithumela u—ukuba ngikhulekele abagulayo. Uyakukholwa lokho na?" "Yebo." "Udumo kuNkulunkulu! Hamba, ukukholwe."

158 Kulungile. Kulungile. UNkulunkulu wakwethembisa lokho. Kodwa, uyabo, siphila ngaphezulu ngokuqhubekela phambili kancane phezulu o—osukwini kunalolo. UJesu wethembisa, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma. Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza."

159 Manje uma uNkulunkulu engangitshela ukuthi ubunani, uyazi ukuthi ngabe lokho kuyiqiniso noma qha. Angakutshela ukuthi uyoba yini. Futhi uma lokho kuyiqiniso, lokhu kuzoba yiqiniso, futhi. Uma Ekutshela, noma yini, angazi; kodwa uma Ezongitshela ukuthi yini inkathazo yakho.

160 Nizokukholwa, nani, zethameli na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

161 Ngempela ngifanele ngime. Lokho kanye, lowomuntu obelapha esikhashaneni esedlule, lokho bekufanele kukuqinise. UJesu wakwenza kanye. Akazange akwenze ngaphezu kokukodwa. Wonke umuntu eSikari wakukholwa, wakholwa ngubufakazi bowesifazane, lapho efika, wabatshela, futhi wayengowesifazane onegama elibi. UmKristu usanda kusuka emsamo nje, phambi kwenu nonke! Amen. Kodwa ngokuthi isikhathi sesihambile kunoma sicabanga, kwangathi iNkosi ingaqhubeka ukuba Izifakazele, omkhulu, uMnqobi onamandla, ukuthi iNzalo ka-Abrahama . . . Kodwa njengoAbrahama, Wakwenzela uAbrahama, kanye; wayese-ke ekubhubhisa lokho, wayeseyakwenza futhi. UAbrahama ngokuqhubekayo ukukholwa nguNkulunkulu.

162 Awukho lapha ngesingawe. Ulapha ngomuny'umuntu, futhi yilelonenekazi. Ngudadewenu. [Udade uthi, "O Nkosi!"—Umhl.] Nenenekazi lisibekelwe ithunzi lokufa. ["Wo!"] Futhi liphethwe yi—yisifo sikashukela. ["O!"] Futhi alisilo elalapha. ["Qhabo."] Lingelase . . . LingelaseLouisiana, izwe elinamaxhaphozi. ["O, o, o!"] Lokho . . . Futhi nansi enye into, ukuze izethameli zikwazi lokhu. Unendodakazi egula ngempela, ehlose ukwethamela lomhlangano, futhi inesithuthwane. ["O, o, o!"] Yiqiniso lelo. Yiqiniso lelo. Akusilo na? ["O!"] Uyakholwa manje na? ["Yebo. Amen."] Uma uyiNzalo ka-Abrahama, kwemukele futhi uphume uhambe, ["Nkosi yami! Nkosi yami!"] futhi uphiliswe eGameni likaJesu Kristu.

163 Niyakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Impela. Khumbulani, yisithembiso saKhe. Wathi Uyokwenza. Uyasigcina isithembiso saKhe.

164 Sawubona? Siyizihambi omunye komunye. Angikwazi. Kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Uyakholwa uma uNkulunkulu engembula kimi inkathazo yakho, khona-ke uyazi kufanele kuvele emandleni okomoya athize. [Udade uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Manje, kukhona izinto ezimbili kuphela okungavela kuzo, obungazibona ngokucabangela. Uma kwenziwa, kungaleya kokuchaza, ngoba kungokungavamile. Kanti, futhi, kuyindida; into ethize, awu, kungokungenangqondo, nokho kuyiqiniso. Bekungaba yindida. Futhi manje usuyakwazi, noma kuyiqiniso noma qha, uzokwazi noma ngabe Ukutshele iqiniso.

165 Manje, khumbula, angikwazi. Kufanele kube ngomuny'uMuntu ngaphandle kwami. Uma wenza njengabaFarisi, futhi bathi, "O, ngumoya omubi," khona-ke unalowomvuzo. Uma ukholwa ukuthi nguKristu, unomvuzo waKhe. Isizathu sokuba ukwazi ukukukholwa, ngoba Wakwethembisela lolusuku, futhi akukaze kube khona kusukela

ngaleso sikhathi kuze kube yilesi. Lokhu kukwenza kube isikhathi sokuphela.

166 Kukhona umuntu olokhu eqhamuka phambi kwakho, ngaso sonke isikhathi. Yindoda, inekhanda elimpunga. Ngumyeni wakho. [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Uhlezi khona lapho. Uzama ukwemukela ukuphiliswa kwakhe, engosibekelwe yisithunzi somdlavuza, osathumba, umdlavuza. Unenkathazo yezinso, inkathazo yenyongo. ["Yebo."] NinguMnu. noNkk. Little. ["Siyibo."] Kunjalo na? ["Yebo."] Kholwani ngayo yonke inhliziyo yenu, futhi niphiliswe.

167 "Uthi elakhe, igama labo na?" Ngani, impela. UJesu akamtshelanga yini uPetru, "Igama lakho unguSimoni, indodana kaJonase"?

168 Nansi indoda. Siyizihambi omunye komunye, mnumzane. Angikwazi. Kodwa uyindoda, njengo—njengoPetru eza eNkosini uJesu, sihlangana ndawonye. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyakholwa ukuthi engikushilo kuyiqiniso na? [Umfowethu uthi, "Yebo, mnumzane. Ngiyakholwa, mnumzane."—Umhl.] Uma ungakukholwa! ["Yebo, mnumzane."] Mina, uma kukhona noma yini ebengingakwenzela yona, bengingayenza, kodwa akukho engingakwenza. Usevele ukwenzile; kuyinto nje yokukutholela ukuthi uyikholwe. Futhi, uyabo, bekungeke kwaba yimi. Ukuba bekuyimi, benginga—bengingakwenzela konke ebengingakwenzela khona. Kodwa Wangipha isiphiwo, futhi nje ngiyaziphumuza phambi kwaKhe, futhi nguYe okhulumayo. ["Kunjalo. Yebo, mnumzane."] Uyakukholwa lokho na? ["Yebo."]

169 Niyakukholwa lokho, zethameli na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

170 Bengifuna ukuthola indoda. Unezinto eziningana ezingalungile kuwe. Kodwa enye yezinto yile, unesimilela esweni lakho langakwesokudla. Yileyo inkathazo yakho enkulu. Nansi enye into, owesifazane ulokhu eqhamuka lapha. Ngumkakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi yini engalungile ngomkakho lapha na? Inkathazo yakhe isemlonyeni wakhe. Ngamazinyo akhe. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uJesu ofanayo, Owazi ukuthi uSimoni Petru wayengubani, angangitshela ukuthi wena ungubani na? [Umfowethu uthi, "Yebo."—Umhl.] Lokho bekungakwenza ukholwe kakhulu na? ["Yebo, mnumzane."] Bekungakwenza na? ["Yebo."] Oscar Barnes. ["Kunjalo."] Kunjalo na? Hamba ngendlela yakho uye ekhaya, uphiliswe.

171 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]. . .yisihambi kuwe. Angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Uyakholwa ukuthi Unamandla okungitshela ukuthi yini inkathazo yakho na? Ungakukholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Inkathazo yakho ingasemphinjeni wakho, nasesifubeni sakho lapha. Nguku—

ngukudleka kwamathambo. Uthola izigaxa, okufana nazo, namafindo ngaphakathi kwesakhiwo samathambo. Kunjalo. Awusuye owalapha. Use—sedolobheni elinezixhobo zezihlahla zama-orintshi ezilizungeze lonke. Lakhe esigodini, nezintaba ezibonakala ngasikhathi sinye emva kwalo. Kukhona ihhotela elithiwa yi Antlers. YiSan Bernardino. Ungowalapho-ke. Buyela emuva, uJesu Kristu uyakusindisa, uma uzokukholwa.

172 Yinye kuphela into engelapha umdlavuza, lowo nguNkulunkulu. Uyakholwa ukuthi Uzokuphilisa na? [Umfowethu uthi, "Ngikholwa impela."—Umhl.] Kukholwe! Hamba, futhi kwangathi iNkosi uNkulunkulu ingakwenza ukuba uphile kukho konke nokungabhekekile.

173 Maduze nje ubungaphandle kwe-. . .nokwethuka ngokwedlulele, ugula ngempela. Ngalokhu ukwethuka, isisu sakho sesingene esimweni. Awukwazi ukuthi ugaye ukudla kwakho; kukhuphukela emlonyeni wakho. Yi esidi yonke emlonyeni wakho. Sekuntambama kakhulu, uthola ukucobeka ngempela nakho konke. Unesilonda ethunjini lenanzi esiswini sakho. Uyakholwa ukuthi lowo nguJesu Kristu ongakutshela lokho na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Hamba udle ukudla kwakho kwakusihlwa, ke. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke, uJesu Kristu uyakusindisa.

174 Sawubona? Ziningi izinto ezingalungile. Kodwa eyodwa yezinto oyesabayo, uzokhubazwa yisifo samathambo. Kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa, akwenze usinde kuso na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.]

175 Nkosi Jesu, ngikhulekela ukuthi Uzokupha udadewethu. Umnike ukuba abone. Susa inkathazo yenenekazi kuye, futhi umsindise esifweni samathambo, eGameni likaJesu. Amen.

176 Hamba manje, ukholwa. Uzokwenza, futhi kuzolunga. Ungangabazi, qhubeka nje uhambe, futhi ukholwe ngenhliziyo yakho yonke.

177 Ukuphathwa yinhliziyo kuyinto embi kabi, kodwa uKristu uyayiphilisa inhliziyo. Uyakukholwa lokho na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Hamba, ukukholwe, futhi konke kuzokwenziwa. Sekuphelile.

178 Uyakholwa ukuthi uzokhubazeka kwenyuke na? Qhabo, angicabangi kanjalo, nami. Umcabango wami, isifo samathambo; lelothunzi lapho, o, lowo ngumdlavuza. [Udade uthi, "O, o!"—Umhl.] Uyakholwa ukuthi Uzowuphilisa na? ["Yebo, ngiyakholwa."] Hamba, ukukholwe. Uzokusindisa.

179 Ubukuhlupha, isikhashana esincane impela, ukuvimbeka enhliziyweni. Kodwa uyakholwa ukuthi kuzophela, kulobubusuku na? Hamba, ukukholwe, uJesu Kristu uyakusindisa.

180 Bekuyinkathazo encane, enkathazweni yabesifazane, isikhathi eside. Bese kuthi-ke, u, unesikhathi esinzima uvuka ekuseni. Ubophekile, ezithweni zakho. Kunzima ukuthi uhambe, kuze kube semini, okwesikhathi. Yisifo samathambo. Hamba, ungangabazi, ungeke usaphinda ube naso. Kukholwe nje, ngenhliziyo yakho yonke.

181 Unezinto eziningana, izifo ezelakanyanayo. Kodwa into eyodwa ekuhlupha kabi kakhulu, nawe ucabanga ngesifo samathambo, okungukuthi yiso, siyakukhubaza kwenyuke. Uyakholwa ukuthi Uzokwenza uhambe futhi usinde na? [Udade uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Hamba, ukukholwe ngenhliziyo yakho yonke, uJesu Kristu uzokusindisa.

182 Inhliziyo enokwethuka, nesifo samathambo, kodwa uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Uyakholwa? Hamba, futhi kwangathi iNkosi uJesu angakusindisa.

183 Lesosisu ngempela sikunike inqwaba yenkathazo eminyakeni embalwa edlule, asikunikanga na? Ngeke sisaphinda. Hamba, ukukholwe. UNkulunkulu akubusise. Philiswa.

184 Ungaba njalo, nawe, isisu sakho sesiphilisiwe. Hamba, ukholwe ngenhliziyo yakho yonke. Ungangabazi.

185 Unesikhathi esinzima uphefumula, lesosifuba somoya esidala sikwehlisa ngempela. Asikwehlisi na? Uyakholwa ukuthi sizophela manje na? [Umfowethu uthi, "Yebo."—Umhl.] Kulungile, hamba ukukholwe. Amen.

186 Haleluya! Niyakholwa ngenhliziyo yenu yonke na? [Ibandla liyajabula—Umhl.]

187 Umzuzwana nje. Awukuboni lokho kuKhanya lapho na? Inenekazi elincane lekhaladi elingibukayo, lihlezi phansi khona lapha, linesigaxa ngakwesokunxele salo. Linenkathazo yezinso, izifo ezelakanyanayo. Ube nokukholwa okuningi. Awudingeki ukuba ukhuphukele lapha. Sekuphelile. Kukholwe nje. Amen. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu!

Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

188 Uyakholwa, dade, uzokwedlula kuleyonkathazo yomgogodla, uhlezi lapho na? Uyakholwa ukuthi Uzokusindisa na? Kulungile. Ungakungabazi nje, futhi ungaba nakho uma nje uzokukholwa.

189 Indoda ehlezi lapha, engibukayo, iguliswa yinkathazo yokuphelelwa ngamandla, ivuka ebusuku nezinto. Uyakholwa, mnumzane na? Kuzophela, ke, uma ukukholwa.

190 Lapha kuhlezi indoda eyikhaladi ihlezi ngapha, ingibuka. Iphethwe yisithuthwane. Ifuna futhi umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Sukuma ume ngezinyawo zakho, mnumzane, wemukele ukuphiliswa kwakho. Kwangathi uNkulunkulu angakupha umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Amen.

191 Ohlezi ngaphesheya ngqo ukusuka kuwe, kukhona umntwana ohlezi ngapho, onesithuthwane naye, uthi ukuqulekiswa amalumbo, ehlezi khona lapho, ngale kwelinye icala. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzomsindisa umntwana, lapho na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Khona-ke uNkulunkulu uzomphilisa umntwana.

192 Niyakholwa, nonke na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Aku—Akasiyo yini, Akasiyo yini ngempela iNzalo ka-Abrahama yobuKhosi na? ["Amen."] Akasuye yini uMnqobi onamandla na? ["Amen."] Ngabe Wethembisa ukuthi beniyonqoba amasango esitha na? ["Amen."]

193 Bangaki kini ababoshiwe, abezwa ukucindezela kwesitha na? Phakamisani izandla zenu, ukuthi nizwa ukucindezela kwesitha. Futhi niyiNzalo ka-Abrahama, phakamisani izandla zenu kanje. Nithi, "Mfowethu Branham, ngihlushwa ukwethuka." O, kukhona cishe amapesente angamashumi ayisishiyagalombili enu eninalokho. Ake nisho, ngi . . . Kuwugqinsi olukhulu nje manje, sonke isixuku siya nje ngokuba njengomthala omkhulukazi, sicishe impela singenze ngiphuphutheke, khona lapho enikhona.

194 Aniboni, ukuthi lapha amashumi amabili noma amashumi amathathu, mhlawumbe, izigulo, noma ngaphezulu, khona lapha kulomsamo nakhona lapho kulezozethameli, ukuthi uNkulunkulu akehluleki na? NguJesu Kristu onguyena izolo, namuhla, naphakade. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Pho kungani kungenzeki, yonke iNzalo ka-Abrahama, anisithathi ngani isihluthulelo manje na? UMnqobi omkhulu, owaninqobela khona, ulapha. Usefakazisile ukuthi ulapha. NiyaMkholwa na? ["Amen."]

195 Manje-ke thathani isihluthulelo senu sokukholwa, nifinyelele phezulu ngezandla zenu, bese nithi, "Jesu Kristu, ngiyakukholelwa ukuphiliswa kwami, khona manje." Sukumani nime ngezinyawo zenu. Phakamisani izandla zenu, vulani ngesihluthulelo ukukholwa kwenu manje. "Ngiyakholwa, Nkosi Jesu. Ngiyakholwa khona manje."

196 Manje bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Bekani izandla zenu zinqume phezu komunye nomunye, enye iNzalo ka-Abrahama. Manje khulekela lowomuntu. Nibeke izandla zenu phezu kwabo. UJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda."

197 Sathane, isikwehlule impi. NgeGama likaJesu Kristu, phuma lapha, futhi udedele lababantu bahambe, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

